



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA  
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE  
YOKWETHULA UHLELO LWENYANGA YEZOKUTHUTHA MHLAKA 02  
OCTOBER 2008.**

**Nginyanibingelela**

- Sekuyinto eyaziwayo ukuthi u-October uba inyanga yezokuThutha kuzwelonke lapho kubhekwa imikhakha ehlukenene kwezokuthutha. Kulo nyaka sibheka uhlelo lwethu lwezokuthutha ngo-2010 nangemuva kwawo. NgoLwesibili sithule ngokomthetho inyanga yezokuThutha kuzwelonke njengoba namhlanje senza okufanayo esifundazweni.
- Uhulumeni wethu uthatha iNdebe yoMhlaba njengeletha umnyakazo omkhulu kwezokuthutha eNingizimu Afrika. Nangemuva kweNdebe yoMhlaba ka-2010, izinhlelo zethu zokuthutha kumele zikwazi ukusimamisa umnotho wethu. Izimali esizitshalayo emisebenzini yezokuthutha nengqalasizinda kumele zihlomulise isifundazwe sonke nezwe lethu lonkana.
- Emlandweni weNingizimu Afrika, sibhekene nomsebenzi omkhulu wokutshala izimali emikhakheni yonke yezokuthutha – amabhasi, izitimela, amatekisi, imigwaqo kanti nomkhakha wezindiza awuzibekile phansi – okukhombisa umsebenzi wentuthuko ongakaze ubonwe ezweni.

- Esiqonde ukukuveza kuko konke lokhu ngukuzibophezela kwethu ohlelweni lwezokuthutha oluphephile, olusebenza ngendlela, olutholakala ngesikhathi nolungambi eqolo kubantu bakithi nangemuva kuka-2010.
- Njengohulumeni sinethemba lokuthi uhlelo lwethu lwezithuthi zomphakathi lusazohamba ibanga elide ekulungiseni isimo emadolobheni nasemakhaya kubantu bakithi.
- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal utshale imali eningi emisebenzini ezokwakha ifa eliyosala nangemuva kweNdebe yoMhlaba. Ukuqhakambisa ezinye zezinhlelo ezizokwenza ezokuthutha zethu zisebenze kahle nangemuva kuka-2010, namhlanje sethula ngokomthetho isikole sabashayeli iTransport Academy yaKwaZulu-Natal.
- I-National Household Travel Survey (NHTS) iveze isithombe esicacisa ngezinqinamba ezisekhona ohlelweni lwethu lwezokuthutha. I-NHTS iveze ukuthi eNingizimu Afrika:
  - Zingaphezulu kuka-38 million izakhamizi ezihlala emindenini engenayo imoto
  - Abafundi abangu-14 million bahamba ngezinyawo uma beya esikoleni
  - Zingaphezulu kuka-13.7 million izakhamizi ezisebenzisa izithuthi zomphakathi okungenani kanye ngeviki
  - Bangaphezulu kuka-7 million abasebenzi nabafundi abasebenzisa izithuthi zomphakathi
  - Zingu-7 million izakhamizi ezisebenzisa imoto

- Lezi zibalo zikhombisa ukuthi njengohulumeni sidinga ukwenza okuningi ukuqinisekisa ukuthi ingqalasizinda nemisebenzi yezokuthutha isiza futhi ibhekane nezinsalelo ezibhekene nabantu bakithi.
- Isinyathelo sokwenza isikole sabashayeli ukhombisa ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uzibophezele ohlelweni lwezokuthutha oluphephile, oludidiyele nolutholakala kalula emphakathini nokuqinisekisa ukuthi ekufezekiseni umgomo wethu, sihlangebana nezidingo zentuthuko yesifundazwe sethu.
- Kunenkolelo yokuthi ukuqeqesha abashayeli bamatekisi, abanikazi bamatekisi, abashayeli bamabhasi nabashayeli bamaloli kuzokwenza ngcono ukusebenza esifundazweni ngisho ngangaphandle kwaso.
- Uqeqesho lokushayela luzokwenziwa ezikhungweni zamaphoyisa omgwaqo i-Road Traffic Inspectorate. Uhlelo lokuqeqesha luzosabalaliswa ezifundeni zonke ezine – Umgungundlovu, iTheku, iMpangeni noMnambithi.
- Abafundi abaphumelele bazothola izitifiketi ezigunyazwe uMnyango wezeMfundo nowezokuThutha KwaZulu-Natal kanye ne-TETA ebhekele ukuqeqesha. Umuntu uzothola ikhadi elisho ukuthi ungumshayeli noma umnikazi wetekisi oseqeqeshiwe azolibeka etekisini noma ehhovisi.
- Abagibeli bazobheka lona ukuze baqinisekise ukuthi bazophatheka kahle. Izitifiketi zizophelelwa isikhathi ngemuva kwesikhathi okuvunyelwene ngaso bese umuntu evuselela ukuqeqeshwa kwakhe.

- Ngenyanga ka-October, uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uzohlangana nemiphakathi ehluken e esifundazweni. Imicimbi yethu izohlanganisa eka-Operation Kushunquthuli, eka-Asiphephe nokwethulwa kwengqalasizinda yezithuthi zomphakathi.
- Siqinisa kakhulu ukuzibophezela kwethu ekuletheni ithemba emiphakathini edinga kakhulu ukuze nayo ikwazi ukujabulela impilo engcono kubantu bonke.
- Sengiphetha, uhulumeni uzibophezele ekuboneni ukukhula kwezomnotho ngokuthi kube nokusimama emkhakheni wezokuthutha. Ngithanda ukunxusa uhulumeni nezinhlaka ezizimele ukuba basebenzisane ukuze sibhekane nezinsalelo ezikhinyabeza ukukhula kulo mkhakha wezokuthutha.

**Ngiyabonga**